MAHALA
# Msunduzi News
SIYINHLOKODOLOBHA
kuNtulikazi 2019 Vol. 2 No. 5
@msunduzinews msunduzinews.com



EZINYATHELELWENI ZIKADKT UMANDELA

## KUHLOMULE NEZINGANE NGOLUKA-NELSON MANDELA

Amakhasi 4 no-5

EZEMIDLALO

## USUTHU LUYIZINGGWELE ZE-MSUNDUZI CUP

Ikhasi 8

# UMsunduzi nethimba lokubhekana nezidingo



**Amapayipi ahambisa amanzi emphakathini avuza anganakwa ayinkinga enkulu** (Isithombe: nguNompendulo Ngubane)

**nguNOKULUNGA NGOBESE**

EMIZAMWENI yokubhekana nokukhathazeka ekulethweni kwezinsizakalo kuwo wonke amawadi angama-39 angaphansi kukaMasipala uMsunduzi, ithimba iRapid Response Task Team (RRTT) lakhiwe nguMasipala ukuze lihlole amawadi. Leli thimba eliholwa uSomlomo waseMsunduzi uJabu Ngubo lihlangana njalo ngoLwesihlanu ukuzodingida izindaba ezithinta izakhamuzi ezikhinyabeza ukulethwa kwezinsizakalo.

Ethula umbiko wakhe emhlanganweni woMkhandlu ngoLwesithathu uNgubo uveze ukukhathazeka mayelana nokusaphazwa kwamanzi okukhulu edolobheni. Sekuhanjelwe amawadi athile lapho okutholakele khona ukuthi kunokuvuza kwamanzi axhaxhaza enganakwe muntu.

Unxuse amakhansela ukuba abike amapayiphi avuzayo. "Kunenkinga yokumosheka kwamanzi edolobheni futhi uma lokhu kulandelwa ngesineke ingxenye yezinkinga zamanzi amosekayo ingaxazululeka," kusho uNgubo.

Kunemibiko ethi uMasipala ulahlekelwa yizigidi zamalitha amanzi minyakayonke ngenxa yokuntshontshwa, ukuguga kwengqalasizinda, kanye nokuvuza okunganakwa isikhathi eside. Ngonyakamali wezi-2016/17 idolobha lalahlekelwa amakhilolitha amanzi ayizigidi ezingama-21 okwakubiza izigidi ezili-R119,72. Emshikashikeni wodaba lokubhekana nokusweleka kwamanzi iRRTT izohambela izindawo zokugeza izimoto ukubheka ukuthi ngabe zonke zisebenzisa amanzi ngokusemthethweni yini.

Ezinye izinkinga ezihlonzwe yithimba zibandakanya udaba lwezindawo zokulahla imfucuza ezingekho emthethweni. Kanye nongqengqema lwemigwaqo olunganakiwe. Amakhansela akuncome kakhulu okuzokwenziwa nokho aveza ukukhathezeka kwawo kokuthi kufanele kube nohlelo olucacile lokuhambela onke amawadi azungezwe kunokuthi kube ngathile kuphela. Ikhansela lakwaWadi 13 uSibongile Mcwango lincome okuhlongozwayo lithi imiphumela yale mihlangano isivele ithela izithelo ewadini lalo njengoba udaba lokulethwa kwezinsizakalo selunakwa.

UNgubo ubuye wakhumbuza amakhansela ukuthi uMnyango Wezokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZoMdabu iCooperative Governance and Traditional Affairs (Cogta) KwaZulu-Natal uzohlola amawadi akuMasipala ukuze ubheke ukusebenza kwawo. Uthe lokhu kuyingxenye yohlelo lokungenelela kukaCogta ukuze usize labo masipala abafakwe ngaphansi kolawulo.

# Isiyasebenza irenki yamatekisi Emgodini



**nguNOKULUNGA NGOBESE**

EMVENI kwezinyanga ezimbili ingasebenzi irenki yamatekisi Emgodini isibuyele ekusebenzeni kwayo okujwayelekile kuthuthwa abagibeli. Ekuqaleni kukaNhlangulana abashayeli bamatekisi bayeke irenki engaphansi (Emgodini) ebhilidini iProfessor Nyembezi bekhala ngokungcola, amapayipi avuzayo, omiyane nezindlu zangasese ezingasebenzi okuyingozi ngokwezempilo kubashayeli nakubagibeli abasebenzisa le renki mihla namalanga.

Emveni kwezikhalo nobunjalo besimo , irenki yamatekisi ehlinzeka abagibeli bamabanga amafushane nabawamade yathuthela okwesikhashana erenki yamatekisi iHoosen Haffejee. Lokhu kwabanga ukuminyana okungabekezeleki kubashayeli nakubagibeli. Kwabuye kwanezelelwa wukuthi vele le renki nayo inesiminyaminya sayo.

Okunye ukukhathazeka okwavezwa yiMeya uThemba Njilo emva kokuhlola isimo wukuthi irenki yayisiphenduke umhume wbaphangi. Kwabuye kwatholakala ukuthi kunabadayisa ngokungekho emthethweni abakhe amakolosana abo okunomthelela omkhulu ekuvuzeni kwamapayipi.

Likhuluma emhlanganweni wamakhansela ngoLwesithathu iBambameneja kuMasipala uNeli Ngcobo lithe irenki isiqalile ukusebenza emveni kokuba ihlanziwe yafuthwa. Amapayipi avuzayo alungisiwe. UNgcobo uqhube wathi icebo lesikhathi eside ukuba kulungiswe ukugeleza komoya ngaphakathi erenki. "Sesiwalungisile amasango ukuze kube nokuphepha okuthe xaxa sigweme isimo lapho irenki iba yikhaya lezinswelaboya. Isu elokuba siqinise ezokuphepha, " kusho yena.

UMlawuli woMsunduzi uMnu uSibusiso Sithole uthe bawuthathe kancane umsebenzi obekufanele wenziwe erenki kanti wona mkhulu.  Yingakho sekuvele kwanohlelo lwesikhathi eside lokuvuselela onke amarenki edolobheni. Uthe yize singekho isabelomali ngqo salo msebenzi kodwa kufanele ubekwe eqhulwini njengoba isimo samarenki amatekisi edolobheni sikhathaza kakhulu, sidinga ukunakekelwa okuphuthumayo.

EZOMPHAKATHI

**IHHOVISI LOMHLELI**

Suite D6, Block D,
Meyrickton Park,
2 Meyrickton Place
Hillcrest,
KwaZulu-Natal,
3610

PO Box X821
Hillcrest
3650

editor@msunduzinews.com

**IZIKHANGISO**

Mayelana nezidingo zakho zokukhangisa ungaxhumana nathi kule nombolo: 086 511 4171 noma kule email: sales@igunundu.com

**THOLA I-MSUNDUZI NEWS**

Iphephandaba uMsunduzi News litholakala eMgungundlovu namaphethelo. Uma ufisa ukuzitholela amakhophi oMsunduzi News, ungaxhumana nathi kule Email: sales@igunundu.com noma ngocingo ku: 031 765 6662 / 081 257 7392

**ISIBOPHEZELO**

I-Msunduzi News izinikele ekuletheni izindaba eziyiqiniso ngolimi lwakho. Izintatheli zethu ziqeqeshwe ngokwanele futhi zihlale zenza okusemandleni ukuqinisekisa ukuthi ezikubhalayo kucwaningwe ngokuphelele ngaphambi kokwethulela abafundi.
Uma unombono noma izindaba obona zifanele ukushicilelwa i-Msunduzi News sithinte kule mininingwane; Ucingo: 031 765 6662 / 081 257 7392, Fax 086 511 4171, Email: editor@msunduzinews.com noma usibhalele ku: PO Box 533, Hillcrest, 3650

**ILUNGELO LOKUSHICILELA**

I-Msunduzi News ishicilelwa yi-Igunundu Press, (Pty) Ltd. Konke okushicilelwe kuleli phephandaba, ngisho amagama asoshicilelweni lwasemoyeni (online), okufaka izindaba nezithombe ungokwelgunundu Press Images, ngaphandle uma kuveziwe ukuthi akunjalo. Ilungelo lokushicilela noma ukusebenzisa okushicilelwe kuleli phephandaba ngelegunundu Press (Pty) Ltd, ngokomthetho i-Section 12(7) of the Copyright Act of 1978. Imibono eshicilelwe kuMsunduzi News akuyona eyoMhleli, abasebenzi noma abashicileli baleli phephandaba.

**UKUCOPHELELA**

Uma ubona amaphutha ezindabeni esizilobile, siyacela ukuba usazise ukuze siwalungise. Ungasithinta ngenye yalezi zindlela ezingezansi.
Ucingo: 031 765 6662 / 081 257 7392,
I-fax: 086 511 4171,
I-email: editor@msunduzinews.com
Ikheli: PO Box 533, Hillcrest, 3650

**Ithimba loMsunduzi News Team**

| | |
|---|---|
| Editor-in-Chief | Nhlanhla Mtaka |
| Associate Editors | Dez Khumalo |
| | Manunu Maphungubwe |
| Sub Editor | Nhlanhla Xala |
| Production | Zakhele Nyuswa |
| Distribution | Mnyamezeli Mtaka |
| Layout and Design | Rajesh Mungroo |
| Journalists | Luvuyo Thahla |
| | Nokulunga Ngobese |
| | Qhelani Msweli |

@MsunduziNewsOfficial @MsunduziNews editor@msunduzinews.com

IGUNUNDU PRESS

**UMA UNOMBONO:** Thumela imibono yakho kuleli kheli: Suite D6, Block D, Meyrickton Park, 2 Meyrickton Place, Hillcrest, KZN, 3610. Incwadi yakho kumele ibe negama nekheli lakho futhi ingeqi emagameni angamakhulu amathathu. Incwadi kumele ifinyelele kuMhleli lingakashayi ihora lesihlanu ngemiSombuluko.
**EMAIL:** editor@msunduzinews.com
**FAX:** 086 511 4171. Umhleli unelungelo lokufingqa incwadi ebhalwe yeva enanini elibekiwe lamagama.

Press Council

UMsunduzi News uzinikele ekusebenzeni ngaphansi kwemigomo yePress Council yakuleli, ethi izindaba kumele zibikwe ngokweqiniso, ngokucophelela, ubulungiswa obuhambisana nokunikwa kwethuba kwabathintekayo. Uma usola ukuthi le migomo asiyilandeli ngendlela, xhumana noPress Ombudsman ngokumbhalela ku-2nd Floor, 7 David's Park, St David's Place, Parktown, 2193 noma ku-PO Box 47221, Parklands 2121. Ungathumela ne-email ku-pressombudsman@ombudsman.org. za. I-website ithi www.ombudsman.org.za

# Kwenziwe ezibukwayo kwekavobo

**nguSINENHLANHLA KUBHEKA**




**Indawo yokulahla imfucuza ingakagqitshwa** (Izithombe: nguSInenhlanhla Kubheka)



**Sekubukeka kahle kanjena manje sekugqitshwe imfucuza**

INDAWO yokugqiba udoti ekuNew England Road ngaphansi kukaMasipala uMsunduzi ibilokhu isesimweni esingesihle isikhathi eside impela. Lokhu besekuchaphazela nomgwaqo odlula kule ndawo njengoba nawo ubusukapakelwe wudoti olahlwa kule ndawo. Udoti obusuyingqumbi ubusuyingozi ngokwempilo kubantu abahlala eduze kwalendawo. Umphakathi waseSobantu ubusukuzwakalisile ukungenamai kwawo ngesimo sendawo nodoti obukhula nsukuzonke.

IMeya kaMasipala uMsunduzi uThemba Njilo uvakashele le ndawo ngenhloso yokuyozibonela inqubekelaphambili ngokukhucululwa kwale ndawo. Uphawule wathi, "Kunomehluko omkhulu uma uqhathanisa isimo samanje naleso sangaphambili kodwa sisazoqhubeka senze isiqiniseko sokuthi konke kuhamba kahle."

UMnu uMbuso Hlophe okunguyena owengamele ukuguqulwa kukavobo ube wusizo uthe lovobo osukapakele emgwaqweni udalwe wukushoda kwamathuluzi okusebenza. Yize kunale ngxaki uthe, "Sizama ngayo yonke indlela ukugcina le ndawo isebenza." UMnu uMhlongo oyimfolomane kulendawo yokugqiba uthe kunemoto eyisiqukathi samanzi efika izocindezela uthuli kabili ngosuku-ekuseni nantambama. UMhlongo wengeze ngokuthi le ndawo isiphenduke ikhaya kwabanye. Laba ngabantu esebecishe babe yizakhamuzi ngokugcwele ngenhloso yokuzogqwaba lokho abangakucosha bakuthuntuthe bayokudayisela labo abasenokukusebenzisa. Inhloso yalokhu wukuthi bazitholele ubuchwabalalana bokuziphilisa.

Ngokusho kukaMhlongo kunabantu abangaphezu kwama-200 abacosha okulahliwe futhi lokhu sebekwenze ngaphezu kwe-10 leminyaka. Kuzoqhanyukwa nohlelo lokwenza lokhu kube wumsebenzi osemthethweni.

Uthe, "Sisohlelweni lokuletha amacontainer ukuze abantu baphonse kuwo lokho okulahliweyo kodwa okusengaguqulwa kuphinde kusebenze. Sizodinga amacontainer ayi-10 ukuze sikwazi ukwenza lo msebenzi. Sizokwakha nodonga oluzosiza luvimbe abantu abangena ngobuningi bezocosha udoti.

Omunye wezakhamuzi uMnu uMthembeni Mthembu oziphilisa ngokucosha udoti uthe, "Sidinga umsebenzi, sicosha udoti lapha ngoba singafuni ukuzihlanganisa nobugebengu. Siyazi nokuthi ukuba kule ndawo kubeka impilo yethu ebucayini … yebo, sifundile kodwa siswele amathuba emisebenzini." IMeya uNjilo uphendule ngokuthi, "Kunemali eyizigidi ezi-R2 yokwelekelela uhlelo lokuguqula osekulahliwe kuphinde kusebenze. Kulolu hlelo sizosebenza nabafowethu laba asebevele beziphilisa ngale ndawo ukuze sibasize bangabeki impilo yabo engozini enkulu ngokuba kule ndawo."

Ithimba eliqondene nokusetshenziswa kabusha kwemfucuza libonge imeneja yamapaki oMsunduzi ngokungenelela kwayo ukuze kusheshe izinto. Baphinde babonga noMnyango Wokusebenza Ngokubambisana neZindaba zaboMdabu (COGTA) ngokwelekelela kwayo ngogandaganda ababili abagugulayo nowokumba owodwa.

UKULETHWA KWEZINSIZA

# Inhlansi yempilo engcono kwabakwa Jika-Joe

**nguNOKULUNGA NGOBESE**



**Uza mawala umsebenzi wokwakhela abahlala kwaJika-Joe** (Isithombe: nguMbulelo Baloyi)

EMVA kwezihibe kubukeka sekusemajikeni ngokwakhiwa kwezindlu ngaphansi kohlelo lweJika Joe Housing Project. Kukhulunywa lezi nje sekuqaliwe ukwakhiwa kwezindlu ezilinganiselwa kuma-800 kweziyi-1164 okumele zibe seziqediwe ngonyaka ozayo. UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu KwaZulu-Natal ufake imali ebalelwa ezigidini ezingama-R62 ukusiza kuqedelwe le projekthi. Kunethemba lokuthi lokhu kuzoletha ukukhululeka kubahlali abaningi bendawo iJika Joe abesebekhosele ezindlini zesikhashana nasemijondolo isikhathi eside. Ngenxa yokusondelana kwalezi zindlu zesikhashana abebehlala kuzo bekuvame ukuba nenkinga yemililo.

Izindlu ezingamakamelo amabili, ikhishi, indlu yangasese nendlu yokugezela zizoqashiselwa abahlali abahola imali ephakathi kwama-R800 nezi-R3, 500. Umsebenzi wokwakha uwonke wehlukaniswe izigaba ezintathu. Esokuqala isigaba esezindlu ezizokwakhiwa lapho bekuyiTatham Sports Field khona kwaJika Joe. Isigaba sesibili sizoba sendaweni encikene nezindlu zesikhashana khona kwaJika Joe bese kuthi ezokugcina izindlu zakhiwe zigudle umgwaqo iMasukwana. Lokhu kulandela isicelo ekade sabekwa wumphakathi sokuthi kuvuselelwe inkundla enomlando yezemidlalo iTatham eyakhiwa ngonyaka we-1937. Nokho iMeya yoMsunduzi uThemba Njilo uthe ngenxa yokuthi le nkundla ibinganakekelwe isikhathi eside bathathe isinqumo sokuthi kusale sekwakhiwa kuyo ukuze abantu bathole indawo yokuhlala nemindeni yabo. Lokhu kwabonakala kuyiyona ndlela ephusile.

Lowo okhulumela uMnyango Wezokiuhlaliswa Kwabantu eKZN uMbulelo Baloyi uthe, "Lo mkhankaso wokwakhiwa kwezindlu uhambisana nombono womnyango wokuthi 'lapho sihlala khona yilapho sifunda, sidlala, sisebenza futhi sithandazela khona njengoba kwasho uMphathiswa woMnyango Wokuhlaliswa Kwabantu noweMisebenzi Yomphakathi uNeliswa Peggy Nkonyeni." Kanti lowo okhulumela uMasipala uMsunduzi uThobeka Mafumbatha yena uthe bengumasipala balushayela ihlombe lolu hlelo ngenxa yokuthi bazinikele ekuguquleni izimpilo zabantu. Uphawule wathi, "Ukwakhela imiphakathi yethu izindlu kusezinhlelweni zethu. Sizoqhubeka nokwenza ngcono impilo yabantu bakithi."

# Intsha iletha uHulumeni emiphakathini

**nguNOKULUNGA NGOBESE**

BESUSWA ungabi bikho kokuqonda phakathi kwezinhlaka zemiphakathi nezikaHulumeni, inhlangano entsha engenzi nzuzo yaseMgungundlovu iqale uhlelo elubiza ngeVirtual State emizamweni yokugqugquzela imiphakathi ukuba isebenzisane noHulumeni ukuze kutholakale izisombululo esanelisa bonke mayelana nezinkinga ezibathintayo.

Le nhlangano eyaqale yaziwa ngeleNatal Midlands Development Programme yasungulwa ngowezi-2009 futhi inentsha eningi yaseSweetwaters naseVulindlela. Ngesikhathi ibunjwa le nhlangano inhloso yayo enkulu kwakuwukuthuthukisa imiphakathi nokusiza abantu abangakwazanga ukuqeda izifundo zikamatikuletsheni ngokohlelokufunda oludala ukuze babuye babhale izifundo zabo njengoba uhlelokufunda lwakudala lwase luqedwe ngowezi-2007endaweni yalo kwaqala uhlelo iNational Curriculum Statement ngowezi-2008. Labo abangakwazanga ukuphothula ngaphansi kohlelokufunda lwakudala banikezwa ithuba kuze ngowezi-2010 ukuba babhale ukuhlolwa kukamatikuletsheni ngaphansi kohlelokufunda lwakudala.

UMengameli weVirtual State uMlungisi Mncwabe uthe ubone ukuthi kunegebe ekuxhumaneni phakathi kwemiphakathi noHulumeni emveni kokuba ebeyingxenye yePublic Participation Workshop eyayenziwe iSishayamthetho saKwaZulu-Natal.

Banquma ukuba babe nohlelo abulubiza ngeVirtual State lapho imiphakathi ilingisa okwenziwa nguHulumeni ukuze ikwazi ukuqhamuka nezixazululo.

Uthe: "Uhlelo lusebenza njenganoma yiliphi iphalamende nesigungu njengoba sibeka abantu ezikhundleni ezehlukene kusuka kuMengameli kuya koNgqongqoshe, njengoba uHulumeni enza. Laba bantu baba nezingxoxompikiswano ngezindaba ezithinta imiphakathi yabo futhi bayagqugquzelwa ukuba bathole izixazululo ezingeni lomphakathi. Yize lokhu kuyiphrojekthi yomphakathi sibuye sicele ulwazi nokuqondiswa nguHulumeni ngezindaba esingakwazi ukuzixalulela zona. Lokhu kwenzeka kusebenza isingaphalamende lapho samema khona iSishayamthetho saKwaZulu-Natal ngowezi-2017 ukuze size sizodingida ngezindaba zethu ephalamende."



**Amalungu eVirtual State ezindlini zeSishayamthetho** (Photo: Supplied)

UMncwabe uthe esikhathini esiningi emiphakathini, ukuteleka nokungeneliseki ngokulethwa kwezinsizakalo kuwumphumela wokungaqondi ukuthi uHulumeni usebenza kanjani, kanjalo noHulumeni ungaziqondi izidingo zemiphakathi uHulumeni ugcine ungakwazi ukwenza imisebenzi ngoba ungaziqondi izidingo zemiphakathi ehlukene. Uthe uhlelo alugqugquzeli kuphela ukubamba iqhaza kwemiphakathi kodwa futhi luyafundisa njengoba lufundisa ngezindaba zokubusa. "Sizama futhi sigqugquzela abantu ukuba bahambisane nokwenziwa nguHulumeni. Sibafundisa ngezindaba ezinjengoHlelo Lwentuthuko Kuzwelonke iNational Development Plan (NDP) noHlelo Lwentuthuko Oludidiyelwe i-Integrated Development Plan (IDP). Kusemqoka ukuthi imiphakathi iziqonde lezi zinto ukuze ingalethi izikhalo zezinsizakalo komasipala kube eqinisweni azikho ngisho ohlwini oluseqhulwini lwe-IDP."

Ubuye wengeza ngokuthi lokhu uhlelo lwaqala abantu baya ngokuya beqonda iqhaza elibanjwa nguHulumeni nokuthi ngeke bethi bevuka namhlanje bese befuna ezinye zezinsizakalo njengoba konke kudinga kube nesabelomali sakho.

Iphrojekthi iVirtual Environment & Ecosystems egxile ekuhlanzeni imichachazo nasekususeni izitshalo ezingezokufika, yavula amathuba omsebenzi angama-49 emveni, kanti noMnyango wezeMvelo unobudlelwano nenhlangano. UNgqongqoshe Wezamanzi Nenhlanzeko wakwaVirtual State uNhlanhla Ndlovu uthe iphrojekthi izoqhubeka iminyaka emithathu ezayo futhi ngaphansi kwale phrojethi kunolunye uhlelo lokuvuselela intaba iMbubu eSweetwaters.

Inhlangano izifunza yona futhi isiza intsha eneziqu ukuba iqeqeshelwe umsebenzi njengoba seyakhe ubuhlobo noMnyango we Community Development wase University of KwaZulu Natal.

# Kugqugquzelwe abasha ukonga imali yabo

## UNgqongqoshe wezeZimali nekhwelo lokonga imali

**nguSIBONELO MSOMI**

UNGQONGQOSHE wezeziMali KwaZulu-Natal, uMnu uRavi Pillay, usehlabe ikhwelo lokugqugquzela abantu KwaZulu-Natal ukuthi bonge imali yabo, bagweme nogibe lezikweleti. Uma lelikhwelo lingamukeleka eMsunduzi izimpilo zabantu zingaba ngcono.

UNgqongqoshe uPillay unxenxa abantu kulesi sifundazwe ukuthi basebenzise uhlelo lokubhajetha uma bezosebenzisa imali yabo ukuze bakwazi ukuba nendlela ehlelekile yokuphatha imali.

UNgqongqoshe uPillay uthe: "Isisho sesiNtu sithi inkunzi isematholeni. Yingakho kulo nyaka umzabalazo wethu wokugqugquzela ukonga uzogxila kakhulu kubantu abasha ukuze bakwazi ukulungiselela ikusasa eliqhakazile".

Eqhubeka nenkulumo yakhe uthe: "Sigqugquzela abantu abasha ukuthi baqale manje besebancane ukusebenza ngohlelo lwebhajethi uma behlela ukusebenzisa izimali zabo. Sifuna bahlukanise phakathi kwezidingo nalokho okuyizinto abazifunayo".

"Lokhu kwenza ukuthi umuntu akwazi aphathe kahle imali yakhe ayisebenzisele ukukhokhela izidingo. Imali esalayo ayongiwe ebhange noma ngohlelo lwezitokfela ukuze iqaphe izikhathi lapho kuvela izimo eziphuthumayo njengokukhokhela usizo lokwelashwa, ukulungisa ikhaya, ukukhokha izindleko zemingcwabo, njalo njalo," kuchaza ungqongqoshe.

Uthe kuyamkhathaza ukubona abantu abasebasha becwile ezikweletini ebezingagwemeka ukube bebefundisiwe ngokusebenzisa uhlelo lokubhajetha.

UNgqongqoshe uPillay uqhube wathi abantu abaningi abaphumelelayo ukuphatha kahle imali yabo kuba yilabo abasebenzisa uhlelo lokubhajetha uma bezosebenzisa imali yabo. "Bayazi ukuthi yini eyizidingo zabo futhi bahlele ukuthi zifezekiswa kanjani besebenzisa leyo mali abayitholayo," kuqhuba uNgqongqoshe u Pillay.

"Kubalulekile ukuthi abantu bangabheki nje okubi nobunzima ngokonga, kepha ababheke lokho abazokuzuza futhi baqale izindlela ezingcono zokonga

Uthe ukonga yinto okudingeka ixoxwe ngokuvulelekile emndenini ukuze kube lula ukuqonda izidingo zomuntu ngamunye kanye nezomndeni wonkana. Izidingo ezibalulekile njengokukhokhela isikweleti somuzi, esezimoto, esomshuwalensi, umasingcwabisane, ama-rates, nothenga ukudla akufanele ziphazamiseke uma uqhathanisa nokuhlelela ukuya kongcebeleka, ukushintsha ifenisha endlini, ukuthengwa kwezimpahla zokuhloba endlini.

"Kuba lula uma lokhu kuxoxwa ndawonye ngamalungu omndeni, evumelana ngohlu lwezidingo bebuka ingenisomali lomndeni. Bayakwazi ukubambisana futhi babonisane lapho kunesidingo sokuthi kuhlehliswe ezinye izidingo ezingaphuthumi kakhulu, uma kukhona isidingongqangi esiqhamukayo esidinga ukukhokhelwa masinyane," kuqhuba



**UNgqongqoshe uRavi Pillay** (Isithombe: Africa Daily)

UNgqongqoshe uPillay.

Uphinde weluleka ukuthi abantu abazame ukonga imali bathenge ngokheshi kunokuthenga ngesikweleti ngoba kuyabiza ukukhokha ngesikweleti.

"Uma uthenge into oyidingayo ngokheshi usuke wongile kunokuyithenga ngesikweleti bese ukhokha ngesitolimende – isitolimende singenza ugcine usukhokhe imali ephindwe kathathu kunoyikhokha uma uthenge ngokheshi," kugcizelela uNgqongqoshe.

Uxwayise ngokuthi abantu bangayisebenzisi imali abangenayo, kepha basebenzise imali ngobuhlakani futhi bathenge izinto abazidingayo uma kunezephulelo zentengo.

Ngokwezibalo ezikhishwe yiSouth African Savings Institute, abantu abayizi-20 million eNingizimu Afrika abaneminyaka ephakathi kwe-15 nama-35 basebenzisa kakhulu izikweleti. ISASI ithe lokhu kubangelwa ukuthi intsha eningi iphuma emphakathini wabantu abamnyama abebekade bencishiwe amathuba ezomnotho esikhathini esedlule, ukwentuleka kwamathuba emisebenzi, ukukhula kwengcindezi yezentela, kanye nokwehla kwamandla emali.

INhloko esabambile yeSASI, uGerald Mwandiambira ugqugquzela ukuthi abantu bafundiswe kabanzi ngokonga imali yabo.

Ukonga akweyamile nje kwingenisomali, kepha kuncike ekutheni umuntu uzimisele yini ukufunda ngokonga. UMwandiambira uthi abantu abakhulume nabeluleki bezezimali ukuze babalekelele ngamasu okungafanele bawalandele ukuze bonge imali.

"Kubalulekile ukuthi abantu bangabheki nje okubi nobunzima ngokonga, kepha ababheke lokho abazokuzuza futhi baqale izindlela ezingcono zokonga," kuphetha uMwandiambira.

**EZINYATHELELWENI ZIKA-DKT UMANDELA**

# Alunikwe indawo emqoka ulimizimpawu

**nguNOKULUNGA NGOBESE**

UMPHATHISWA Wezenhlakahle Nokuthuthukiswa Komphakathi uNonhlanhla Khoza usecele umphakathi ukuba uthathe ulimizimpawu njengengxenye esemqoka ekuxhumaneni ukuze nalabo abangezwa nabangakhulumi bazizwe bekhululekile.

Ukunxusa kukaKhoza kulandela ukuhambela wakhe imijondolo yaseJika Joe eneMeya yomsunduzi uThemba Njilo. Bahambele kule ndawo emva kokufa kukaSinethemba Dlamini, okuyintombazane eneminyaka engama-13 ebiyisithulu etholakale idindilizile osebeni lomfula iDorpsruit ekwethwaseni kwale nyanga. Inhloso yokuhambela le ndawo bekuwukweluleka umphakathi ngokwengqondo emveni kokuthuka kwabaningi ngenxa yesehlakalo esishaqisayo kanye nokuthola izinselelo ezibhekene nomphakthi wakule ndawo. Kusolakala ukuthi le ntombazane ebifunda e-Open Gate School yaqala yadlwengulwa, yabulawa yashiywa kanjalo inqunu ngasemfuleni iDorpspruit. Sekuboshwe abesilisa ababili mayelana nalesi sigameko sokubulala.

Ngaphandle kwalesi sigameko, ngokwezibalo zikaMasipala uMsunduzi le ndawo enemizi engaphezu kwama-400 ihaqwe yizinkinga zenhlalo okubalwa izinga eliphezulu lokukhulelwa kwentsha, elophuzo oludakayo nokusebenzisa izidakamizwa, elobugebengu nokwebiwa kukagesi.

Ekhuluma nomphakathi emhlanganweni obubanjelwe esontweni lamaRoma iSt John of Ark, uKhoza uthe, "NjengoMnyango sishaqekile ngokudlula emhlabeni komuntu osemncane kangaka ngendlela enesihluku. Ngakho-ke sifuna ukuba luqondwe ulimizimpawu njengolimi olusemqoka kuzo zonke izingxenye zokuphila. Kungenzeka ukuthi le ngane ihlukunyezwe kuphindelelwa kodwa ingakwazi ukudlulisa ukukhala kwayo ngoba ingakwazi ukukhuluma. Ukube yona ibilwazi ulimizimpawu nalabo abaseduze kwayo ngabe ikwazile ukubika udaba lwayo kusenesikhathi."

"Asizile lapha ukuletha ukwelulekwa ngokwengqondo kuphela emphakathini kodwa futhi sinxusa umphakathi ukuba usondele sibambisane neminyango ukuze sinqande lolu khondolo lobugebengu. Ukulwa nobugebengu kusemahlombe ethu sonke, akusikho okomuntu oyedwa. Ngiyajabula ukuthi iMeya nayo ikhona lapha njengoba sizocela ukuba kufakwe ogesi abade basemgwaqweni kule ndawo." UKhoza ubuye wagqugquzela umphakathi ukuba usebenzise izizinda zokubonisana ukuze kuxoxwe ngezindaba eziwuthintayo (umphakathi).

Ngesikhathi ubugebengu bubhebhetheka emphakathini, ilungu lawo uVuyiswa Mlozama uveze ukukhathazeka ngokuthi isikhathi esiningi amacala obugebengu awathathelwa phezulu ngamaphoyisa asepholisteshi ekuLoop Street. "Asazi ukuthi inkinga ikuphi , kodwa uma sike sathi siqhamuka eJika Joe udaba luvelwe luchithwe. Asazi ukuthi kufanele sethembe bani uma abantu okufanele ngabe bayasivikela kuyibona kuqala abasichithayo," kuphetha uMlozama.

IMeya uThemba Njilo ithe emveni kwalesi sigameko bekufanele ukuthi uMasipala ahambele izakhamuzi ukuzozeseka. Uthe, "Sidabuke kakhulu ngokulahlekelwa yingane. Sinxusa ukubikwa walezigameko kusenesikhathi. Asisebenzisane ukuze silwe nobugebengu. Ukulahleka kwempilo yoyedwa kuwulahleka kweyabaningi." UNjilo ubuye wexwayisa kakhulu ngokwebiwa kukagesi okudlangile endaweni.



**Izakhamizi zilalele UMphathiswa uKhoza ngesineke** (Isithombe: nguNokulunga Ngobese/Igunundu Press)

# Abazali mabazibhalisele izitifiketi

**nguNOKULUNGA NGOBESE**

KUHLONISHWA ingqalabutho yomzabalazo engasekho yaseNingizimu uDkt uNelson Mandela, uSekela Mphathiswa Wezasekhaya usanda kuhambela izindawo zikaHulumeni eziningi edolobheni emizamweni yokukhuthaza abantu ukuba babhalisele izitifiketi zokuzalwa nomazisi.

Uhlelo obeluhanjelwe yiMeya yoMgungundlovu uThobeka Maphumulo neMeya yoMsunduzi uThemba Njilo, luqale e-Edendale Hospital lapho abadlezane begqugquzelwe ukuba bafake izicelo zezitifiketi zokuzalwa zezinsana esikhathini esiyizinsuku ezingama-30 emveni kokubeletha. Luphelele kwaPoyinandi Hall eduze kwase-Ashdown okuyindawo yokuhola izibonelelo

Elokubhalisa izinsana ngesikhathi zisesibhedlela lwathulwa ngokusemthethweni uMnyango Wezasekhaya ngowezi-2013. Lokhu sekwenza ukuba izibhedlela nemitholampilo kaHulumeni kube namahhovisi amancane oMnyango Wezasekhaya kulezi zikhungo. Selokhu lwaqala lolu hlelo ngowezi-2013, ngokocwaningo olwenziwa yiStatistics South Africa ngowezi-2017, isifundazwe iNorth West inesibalo esikhulu esibhalisa izinsana esingama-92%, kulandele iKwaZulu Natal ngama-66%.

Ekhuluma nephaphandaba iMsunduzi News, uSekela Mphathiswa uthe yize kunezibhedlela eziningi esifundazweni ezithola ukusizakala eMnyangweni Wezasekhaya kodwa baqoke ukuhambela isibhedlela sase-Edendale ngoba ngolwazi abalutholile kunezinsana ezingama-200 ezizalwa njalo ezinyangeni ezintathu. Uthe lokhu kusemqoka konina bezinsana ukuba bazibhalisele izitifiketi zokuzalwa ukuze izingane zingahlangabezani nezinkinga uma sezindala. Ubuye wagqugquzela omama ukuba baphathe omazisi ukuze kube lula ukufaka izicelo zezitifiketi zokuzalwa. Yize uhlelo lubukeka luhamba kahle uNzuza ukuvezile ukukhathazeka kwakhe kokuthi obaba abaningi ababi yingxenye yakho konke lokhu. "Manje sesinezitifiketi ezingafinyeziwe ezidinga yonke imininingwane yabazali bobabili. Uma obaba bengezi nemininingwane yabo lokho kudodobalisa inqubekelaphambili yokutholakala kwezitifiketi njengoba zingeke ziphume ngaphandle kwemininingwane kababa," kugcizelela uNzuza

Ngowezi-2015 uMnyango Wezasekhaya wethule isitifiketi esingafinyeziwe ngaphansi kweMithetho Yezifiki ukuze kuvikelwe izingane zingabi abagilwa bokushushumbiswa kwezingane.

Omunye womama uThandi Dlamini, uthe kuwukuphila okusha okwenza ukuba abadlezane bangabi besashaya uhide lwemigqa ukuze bafake izicelo zezitifiketi zokuzalwa.

UMeya woMsunduzi uThemba Njilo uthe njengoMasipala bazimisele ukweseka lolu hlelo ngokusakaza lo myalezo emiphakathini eminingi.




**USekela-Ngqongqoshe neMeya yoMgungundlovu**

(Isithombe: nguNokulunga Ngobese/Igunundu Press)

# UMsunduzi usize ikhaya labantwana

**nguLULEKA NZAKWE noSINENHLANHLA KUBHEKA**

OWAYENGUMENGAMELI wakuleli uNelson Mandela wake waphimisa amazwi athi, "Kusezandleni zakho ukwenza umhlaba indawo engcono kuwo wonke umuntu."

IMeya kaMasipala uMsunduzi uThemba Njilo, ihambisana nesekela layo uThobani Zuma ivakashele izikole namakhaya agcina izingane ezindaweni ezingaphansi koMsunduzi ukuzisiza ngezidingo zansuku zonke. IMeya iqale usuku ngokuhambela i-Ekujabuleni Children's Home iphelezelwa yithimba eliqhamuka kuMnyango Wezolimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya

IMeya inikele ngembewu, amathuluzi asengadini nokuphathelene nokuhlanzeka. IMeya ibe isidlulela eSbongamandla Primary School lapho inikele ngethangi lamanzi nezinto eziphathelene nenhlanzeko. Kulolu hambo iMeya ibiphelezelwa nguMnu uThemba Ndlovu ongumnikazi weCubana Exclusive Lounge onikele ngezithelo nangezinto zenhlanzeko. IThemba Njilo Foundation nayo ibikhona ukuze ihlole indawo iFoundation enenhloso yokwenza umnikelo wokwakha inkundla yezemidlalo.

UThishanhloko waseSbongamandla uNkk uShezi ubonge wanconcoza ngeminikelo. Eziphawulela uthe: "UMnu uNjilo usenze lukhulu kulesi sikole ngisho engakabi yiMeya. Ngifisa ukuthi aqhubeke nokwenza umnikelo kubafundi, siyakujabulela kakhulu akwenzayo. Siyanibonga ninoMnu uNdlovu ngeminikelo eniyenzayo," kusho uNkk uShezi.

IMeya iphawule ngokubaluleka kosuku nalokho uNelson Mandela ayekumele. "Kuwusuku olumnandi kithi uma sigubha ukuzalwa kwalowo owayenguMengameli wethu uNelson Mandela. Wayehlale ekugcizelela ukuthi "yiba negalelo uguqule impilo yabantu abaseduze nawe", yilokho esizokwenza lapha."

UNjilo ukhuthaze abantwana ukuthi bayikhuthalele imfundo. "Phakathi kwenu kunodokotela, abahlengikazi namaphoyisa. Ukuze nizuze enikuphokophelele empilweni imfundo nokuzethemba kubalulekile."

IMeya ibe isiqhubeka inikela ngamathuluzi nezinsizakufunda. Nalapha inikele ngethangi lamanzi elidlulisele kuSihlalo Wesigungu Esilawulayo uMnu uXolani Ngongoma naye odlulise amazwi okubonga kuMeya.

"Siyabonga Mnu Themba Njilo ninoMnu uNdlovu ngokusivakashela nangeminikelo eniyenze esikoleni sethu. Uhlale uwusizo njalo Mnu uNjilo, salubona usizo lwakho ezikoleni unikela kwakhiwa ichibi lokubhukuda eMthethomusha Primary School okuyisona sodwa isikole esinechibi lokubhukuda e-Edendale. Sengikushilo lokho Meya ngicela ukudlulisa isicelo sokuthi usisize sitholele izingane ezingezokufika kuleli lizwe ezingenazitifiketi zokuzalwa. Inkinga eziba nayo eyokungazitholi izinsizakufunda ngoba uMnyango wezeMfundo umelene nokunikezwa kwabantwana abangenazitifiketi okokufunda. Lokhu kusidalela inkinga enkulu ngakho sicela uMeya angenelele ngokudlulisela isikhalo sethu eMnyangweni wezaseKhaya nokuThuthukiswa koMphakathi. Siphinda sibonga asiphezi ngokusilekelela kwakho njalo Meya," kuphetha uNgongoma.

# Kuhlomule nezingane ngolukaMandela





**UNdunankulu uSihle Zikalala neMeya uNjilo eSunlit Garden Orphanage bedlulisa izipho ezinganeni** (Isithombe: nguQhelani Msweli/Igunundu Press)

**nguQHELANI MSWELI**

UNDUNANKULU waKwaZulu-Natal uSihle Zikalala, ebambisene neMeya kaMasipala uMsunduzi uThemba Njilo balethe injabulo ezinganeni ezingaphezu kwama-40 zasezintandaneni iSunlit Gaden ngesikhathi eletha obhulankethi, umfaniswano wesikole kanye nezibiliboco njengamaswidi namabhisikidi.

ISunlit Garden iseNorthdale, idonsa kanzima njengoba izindleko zingaphezu kwengenisomali. UNdunankulu uZikalala, iMeya uNjilo noMphathiswa Wezezimal uRavi Pillay bahambele ezintandaneni njengengxenye yemizamo yokuthuthukisa impilo yezingane eziyizintandane.

UZikalala ekhuluma nezingane nomphakathi uthe bakhethe iSunlit Garden ngoba owayenguMengameli uMnu uNelson Mandela invested wchitha isikhathi esiningi ethuthukisa impilo yezingane. Uthe, "Kwaba owayenguMengameli uMnu uNelson Mandela owakha izikole ezindaweni zasemakhaya. Kwaba uMnu uNelson Mandela owagadula umhlaba ehmba ekhongozela izimali zokusekela izingane. Uma silapha siyakholelwa ekutheni senza lokhu ukuze simhloniphe."

Ubuye wathi bayazi ukuthi kunezidingo eziningi njengoba kade belokhu bezungeza bezibonela ngawabo. Uqhube wathi, "Sikubone konke okuyizidingo zenu, ngizgagula okumbalwa, okokuqala, nidinga okokubhla nokubhalela kwangonyaka wezi-2020, izikhwama, nomfaniswano. Okwesibili, siyazi ukuthi nidinga izinto ezifana nefriji, isitovu, kanye nepitsi. Siyazibophezela ukuthi sizobuya sizosiza, kufanele sinikele ekusaseni lezingane esinazo namhlanje. Kulezi zingane ezihleli lapha, sinabaholi bakusasa baleli lizwe. Sinabameli, odokotela, onesi nabasunguli. Sizonikela ngokunesigqi ukwakha ikusasa labo."

UNdunankulu uZikalala ubuye wagqugquzela izingane ukuba zikhuthalele isikole njengoba imfundo isemqoka.

USihlalo weSunlit Garden, uDkt u-Omesh Somaroo, ubonge lonke ithimba ebeliholwa uNdunankulu waKwaZulu-Natal neMeya yaseMsunduzi ngokuphosa itshe esivivaneni kuleli khaya lezingane, wathi; "Sibonga uNdunankulu ngokufika kwakhe nangokuhlomulisa izingane ngezipho."

Phambilini, uNdunankulu uZikalala ubeke izimbali ehlonipha uMadiba lapho abanjwa khona eHowick eMidlands. Umcimbi wokubekwa kwezimbali ubuqonde ukukhumbula owanguMengameli uNelson Mandela obekungabe uqeda iminyaka eli-101. Isizinda lesi siyindawo lapho impela abanjwa khona ngabombuso wobandlululo mhla zinhlanu kuNcwaba ngowe-1962 futhi lesi sizinda sesiphenduke indawo ehanjelwa izivakashi zamazwe ngamazwe.

Emveni kwalokho uye ukuyokwethula inkulumongqangi eMidlands Medical Centre (MMC) kubambisene ubuholi besifundazwe nobesifunda be-ANC ekwenzeni ngcono indawo enemijondolo yaseJika Joe.

Ukuhambisana nesisho esithi 'kuqalwa ekhaya' abantulayo ababalelwa enkulungwaneni (1 000) bathole okuya ethunjini, isifundo sezempilo, ukuqeqeshwa ukusekela impilo okunqala kanye nokuhlolwa ngokwempilo njengengxenye yokuqalisa okuhle. UNobuhle Nene ohlala eJika Joe ujabule kakhulu ngosizo alutholile ngenxa yalo mnikelo olethelwe intsha yendawo.

Ekhuluma nephephandaba iMsunduzi News, uthe, "Njengoba sigubha uSuku LukaMandela sijabule kakhulu ngethuba esinikwe lona nguHulumeni njengoba sithola amakhono okusekela impilo okunqala, lokhu kuzosisiza ukuba sithuthukise amakhono. Sibonga iMeya, uNdunankulu nesikhungo sezempilo saseMidlands Midlands Medical Centre."

Le misebenzi siyincoma kakhulu njengoba ihamaba ibanga elide ukuthuthukisa impilo yabantu ikakhulukazi izingane nabantulayo.

# AboMtapowolwazi eSlangspruit balugubhe nemindeni

**nguXOLISWA MKHIZE**




**Izisebenzi zeSlangspruit Library zidlulisa izipho kuzakhamuzi** (Izithombe: Sithunyelwe)

IZISEBENZI zomtapowolwazi waseSlangspruit zisize umphakathi eziwusebenzelayo ngemizuzu yoSuku LukaMandela. Ukuze zihloniphe isichonywaphaphe uNelson Mandela ngosuku lwaso lokuzalwa izisebenzi zinoDkt uNosipho Dongwe waseLuminjalo Medical Centre noDkt u-Ashaylan Vather wasesibhedlela i-Edendale zinikele ngezijumbana zokudla emindenini entulayo eSlangspruit.

Izisebenzi zomtapowolwazi okuWadi 13 zihlonze imindeni emithathu entula ngokweqile ewadini okubonakale ukuthi idinga ukuhlomula kulo msebenzi wemizuzu engama-67. Imindeni yakwaGambu, kwaMazibuko nakwaMjwaha ithole igrosa ngokuxhaswa uDkt uDongwe noDkt uVather.

Izisebenzi zikamahambanendlwana wokwelapha zaseMbalenhle nazo zibambe iqhaza zahlola abantu ushukela nomfutho wegazi. UDkt uDongwe wesikhungo sokwelapha iLuminjalo Medical Centre naye wethembise ukuletha izinsizakalo mahhala emindenini emveni kwalokhu, "Ningeza ezindlini zami zokwelapha mayelana nanoma yikuphi ukugula ngisho noma nihlangabezana nobunzima mayelana nezimpesheni zenu nidinga nezincwadi eziwubufakazi enizozihambisa kwaSouth African Social Security Agency (SASSA), ngizokwenza lokhu bhusende uma umuntu exakekile," kusho uDkt uDongwe.

UThembani Langa womtapowolwazi waseMsunduzi uthe umtapolwazi unokungaphezu kwezincwadi njengoba unezinhlelo zokuthuthukisa umphakathi. "Abantu bacabanga ukuthi umtapowolwazi owabathile noma owezifundiswa kuphela okungesilo iqiniso. Umtapowolwazi unezinhlelo eziningi ezilusizo kubantu," kusho uThemba Langa.

